


UYAKHOLWA YILOKHU NA?

 Futhi ngaphambi kokuba sikhuleke, ngizothanda ukusho lokhu, ukuthi izolo kusihlwa, ngikholwa ukuthi bekuyikho, ngithe enenekazini, “Uma nje uzokwenza njengoba siyaliwe ukuba senze, ukuthi bekuyoba...umntwana onekhanda elinamanzi, beliyoshwabana.” Nekhanda lengane lishwabene, izolo ebusuku, uhhafu owodwa we intshi ngokukalwa ngentambo. Ngakho inenekazi liyilethe lapha manje.

² Manje, isizathu ngenze lokho, dade, kungokwenhloso. Niyabo? Uma ungabona into ethize ethintekayo yenzeka, lokho kuyokwenza ukukholwa kwakho kwande ukuba uqhubeke ukukholwe. Ngezinye izikhathi ngiyakwenza nje lokho uku, mhlawumbe, njengokucela umuntu ukuba asukume, enze isinyathelo noma ezimbili, nyakazisa isandla sakho, nyakazisa umunwe wakho, into ethize nje abangayenza ngokwehlukile, ukubadedela nje babone ukuthi konke kulungile. Bathola ukwethuka nje futhi bacabange ukuthi akuzukwenzeka, kodwa kuyenzeka ngasosonke isikhathi. Niyabo? Kufanele kwenzeke.

³ Bangaki ofuna ukukhunjulwa emkhulekweni, manje na? Ungaziphakamisa nje izandla zakho futhi uthi, “Nkosi, ngiphe khona”? Masikhothamise amakhanda ethu.

⁴ Nkosi, njengoba sizwa leli elihle kakhulu ihubo elidala lebandla, elabhalwa umngani oyigugu, uPaul Rader, “Kholwa Kuphela,” sicabanga manje ngomfana, wa lethwa nguyise kubafundi, kungengaphezu kwezinsuku eziyishumi emva kokuba uJesu ebanike amandla ukukhipha odeveli nokuphilisa abagulayo, futhi lapha behluleka isiqothu odabeni lwesithuthwane. Futhi babona iNkosi iza. Futhi ubaba wagijima futhi wathi, “Nkosi, yiba nomusa kithi. Indodana yami ikhungethwe udeveli onhlobonhlobo. Ngimlethe kubafundi baKho futhi abakwazanga ukumphilisa.”

⁵ UJesu wathi, “Ngingamphilisa, uma ukholwa. Kholwa kuphela.” O Nkulunkulu, Awukashintshi nakancu kusukela lapho: Usengothandayo nje ofanayo, okahle, noNkulunkulu onesihawu. Njengoba Wawulokhu unjalo ngaleyonkathi, Unjalo nanamhlanje. Futhi Nkosi, njengalowo baba, sonke siyakhala, “Nkosi, siza ukungakholwa kwethu Wena.” Kulula kakhulu; sikhubeka nje phezu kwakho, Baba.

⁶ Sifuna uKukunika ukubonga nodumisa ngokuthinta leyo nganyana izolo ebusuku, ukubona ukuthi lolobebhezi lwekhanda, obelukade luvuvukele, okungukuthi, ukuthi ithambo liphusheke laphuma, kwehlele phansi ngohhafu weyintshi izolo ebusuku. Sibonga kakhulu ngalokho, Baba. Lapho sazi ukuthi odokotela bethu akanalutho ekucwaningeni

ngakho, ayikho into abangayenza ngakho; kodwa Wena usenguNkulunkulu, iNkosi yazozonke izimo. SiyaKubonga, Baba. SiyaKubonga ngokuthembeka kwalomama, nobumtoti, nokulalela ukubuyisa intambo nokuyinathelisa phezu kwalesisiqephu sephepha, lapha, ukukhombisa umphakathi ubufakazi bakhe ngenxa yodumo lukaNkulunkulu. Kwangathi owakhe omncane angaphila futhi abe ngumntwana ojwayelekile, ngenxa yodumo lwaKho.

⁷ Buka zonke lezozandla eziphakamile, Baba. Ngamunye wabo ubenesidingo. Esami siphakeme, naso, Baba, ngingesidingo. Futhi lapha ziningi lapha, esimweni sencwadi iletha noma kulelibhokisi, esidingayo, abantu abadingayo ngempela. Makufezeke, Nkosi ukuthi ngamunye uzokwemukela isicelo sabo kulobubusuku. Kwangathi bangathatha lobubufakazi bukamama futhi nje njengesibonelo ukukhombisa ukuthi uma Usho noma yini, kufeziwe. Ku...Wena...Esifanele sikwenze ngukukwemukela futhi senze utho ngakho. Ngumsebenzi ofeziwe.

⁸ Siphe, Nkosi, ukuthi ngayinye yalezizincwadi amaletha nalamaduku, abantu ababekwe phezu kwazo, bangaphiliswa. Wonke umuntu ophakamise izandla zabo, Baba, bangasemukela isifiso sabo senhliziyo. Sikucela, eGameni likaJesu. Amen. Ningahlala phansi.

⁹ Bengifuna nje ukunikhombisa intambo lapha, ukuthi inenekazi...Nakho lapho okhona. Mm-hhe. Ukuthi ikhanda lengane elincane lishwanile njengoba iNkosi isithembisile ngoMoya oNgcwele izolo ebusuku. AYimangalisi yini na? Ngakho, kusinika isibindi esikhulu ukuba nokwethemba futhi sikholwe.

¹⁰ Manje, ngenkathi uJesu asho kulesosihlahla, kuMarku 11:23, "Akungabe kusandla noyedwa isithelo kuwe kusukela manje," Angahle ukuba akamemezanga. Ngani njengo, kukhuluma obala, Wayencwaba ngakho, baze abafundi baKhe nje...ngicabanga ukuthi oyedwa wabo waMuzwa. Futhi khona...Ngenkathi lesosithuthwane, ngenkathi senyukela phambi kweNkosi uJesu, umfana waba nokuquleka okukhulu kunakho konke ake abanakho; mhlawumbe, wawela emhlabathini njengokungathi wayefile, kodwa waqonda ukuthi wayehlangane noMunye Obenokukholwa obuqhelile ngaphezu kwalabobaphostoli.

¹¹ Manje, bengingathanda omunye ongakholelwanga ekuphiliseni ngokukaNkulunkulu ukuba abhekisise lokhu. UJesu wayebanike amandla ukukhipha imimoya, futhi babehlulekile. Hhayi ukuthi amandla ehluleka, kodwa babehlulekile. UJesu wabatshela:

"Kungani singenakumkipha."

Wathi, "Ngenxa yokungakholwa kwenu."

¹² Ibandla lisenawo amandla. UNkulunkulu akakaze awathathe amandla aKhe ebandleni, kodwa ibandla alinakho ukukholwa okwanele ukukwenza kukho. Yilokho kuphela. Kulula kanjalo nje. Sizama ukukwenza kube lukhuni ngezinye izikhathi, kodwa uma wenza iVangeli libelula kakhulu, uyoba nokoqobo kakhulu, uma nje ubalula ngempela kulo: UNkulunkulu washo njalo; lokho kuyakuxazulula; futhi yilokho kuphela. Futhi likholwe nje, qhubekela phambili.

¹³ Ngenkathi uJesu ethi, “Akungadli muntu kuwe,” ngani, amacembe ayemahle nje futhi ecwebezela njengoba ayenjalo. Amaxolo ayesabukeka efana, kodwa phansi le ngaphansi komhlaba kulezozimpande, ukuphila kuqala ukuncipha kusuke.

¹⁴ Kukanjalo kumdlavuzi, kunoma yiluphi uhlobo lwesifo leso—leso ongafuna ukusicabanga. Uma ungemukela iZwi likaNkulunkulu, phansi le ekujuleni ezimpandeni, umdlavuzi ungahle ube lapho; isandla sakho singaba ngesigongobele nje. Lokho akuhlangene ngalutho nokuphilisa ngokukaNkulunkulu. Kungukuthi, “Uma ukholwa.” Niyabo? Phansi le ndawondawo, sekuvele kwehlile ukuyosebenza.

¹⁵ UJesu wathi, “Uma nithi kulentaba, ‘Nqukuleka,’ futhi ungangabazi enhliziyweni yakho, kepha ukholwa ukuthi okushoyo kuyenzeka, ungabanakho okushilo.” Akuthandeki lokho na? Kuvela kubani lokho na? INdodana kaNkulunkulu, amaZwi aYo . . . Kuyakudlula amazulu nomhlaba, kepha manje—kepha amaZwi aKhe awasoze.

¹⁶ Manje, indlela kuphela ongakwenza ngayo lokho, ufanele ube nempokophelo elungile nembangela elungile. Manje, uma ngiphume lapha futhi ngathi, “Ngizokukhombisa ukuthi ngingayinqukula lentaba, ‘Nqukuleka, ntaba.’” Ayisoze yanyakaza. Impela ngeke. Kungakhathaleki ukuthi benginani. Kufanele kube . . . Kuqala ufanele uthole intando kaNkulunkulu.

¹⁷ Yingalesosizathu, ngokuvamisile emigqeni yomkhuleko, ngi—ngithola okulukhuni okwedlula konke impela, yingoba kuyinto ethize ehambe yadabula emigqeni nokunye nokunye, futhi yilapho okuthola khona kubuya. Kodwa niyabo, uma unesono esingavunyiwe . . . Senake naqaphela odabeni, ngaphambi kokuba ngicele umoya omubi ukuba uphume na? Ngibhekisisa lolodaba ngokuqiniseka ngempela ukuba ngiqiniseke ukuthi akukho lutho kulokho kuphila okungavimbela noma yini, niyabo, ngoba khumbulani, kuleziziphiwo, ungangena enkathazweni ngazo.

¹⁸ UNkulunkulu, niyakhumbula ngesinye isikhathi, wanikeza umprofethi . . . wenza umprofethi ngomuntu, uMose, futhi wamtshela ukuba ehle, akhulume edwaleni. Futhi umprofethi wayejabule kakhulu, wayesephuma, futhi washaya idwala, kukhuluma ngobulula bukaKristu, ukuthi Uyofanele afe

okwesibili noma ashaywe okwesikhathi sesibili. Wayenamandla okukuletha, kodwa kwakungesiyo intando kaNkulunkulu.

¹⁹ Angizange ngikhohle ukuthi kwakuyintando kaNkulunkulu ukuba uEliya ahambe ezungeza, ngoba labobantwana wayemgcona ngokuba nempandla, angicabangi ukuthi wayefanele akwenze lokho. Kodwa wayengumprofethi, futhi wathukutheliswa, futhi wabeka isiqalekiso kulabo bantwana namabhele amabili esifazane abulala abantwana abancane abangenacala abangamashumi amane-nambili. Niyabo? Kodwa angikhohle ukuthi wayefanele akwenze lokho. Futhi khona nje—nje... thina... .

²⁰ UNkulunkulu, ngiyakhohle namhlanje, ngaphambi kokuba Abeke ibandla laKhe emandleni, Uvivinya ibandla laKhe ukubona ukuthi lizokwenzani.

²¹ Thina... ngesikhathi esilandelayo, mhlawumbe, uma iNkosi ivuma uma sengibuya, siyoba naso isikhathi ukuhlala entweni enjengaleyo, entweni elungiselela ukwenzeka, bese kuthi-ke siyokwazi kakhulu ngakho ngaleyonkathi.

²² Kodwa uma nje uzokhuluma izwi, uthi, “Nkosi, ngiyakukholwa,” ungangabazi, kusho ngenhliziyo yakho... .

²³ Manje, ake sithi okwesibonelo, bengisesigodini, futhi angi... Ngishumayela ezigidini zabantu, kodwa nje ngaphesheya kwentaba lapho, kuneqembu labantu abayikhulu, futhi bayafa ngaphandle kokwazi uKristu. Awu, nginesigidi lapha ukushumayela kuso, kodwa nokho, iNto ethize enhliziyweni yami ingitshela ukuthi, “Welela kulabobantu. Finyelela kubo. Bayabhubha.” Angifuni ukuya qobo lwami, kodwa nokho kuNento ethize kimi. Niyabo, lowo nguNkulunkulu-ke, ehamba. Niyabo ukuthi impokophelo iyini, niyabo ukuthi imbangela iyasuka iyahamba, hhayi okwakho... Manje, uma ngithi, “Awu...” Uma impokophelo yami ilungile ukuba ngifike ngaphesheya lapho, kodwa-ke ngifika phezulu lapha futhi nansi intaba enkulu, ngithi, “Uyazi, uma ngifika phezu kwaleyontaba futhi ngisindise bonke labobantu abayikhulu, ngelinye ilanga bayoba nesithombe lapho: UMfowethu Branham, isithunywa senkolo esikhulu.” Manje, imbangela yami ayilungile. Intaba ayisoze yawa. Qhobo, mnumzane.

²⁴ Kodwa uma imbangela yami nempokophelo kulungile, noNkulunkulu enhliziyweni yami engihola, futhi angeke ngifike phezu kwentaba, ngokuzungeza intaba, ngaphansi kwentaba, bengiyothi, “Ntaba, nqokuleka.” Mhlawumbe ku... Uma ngisho lokho, futhi kungengaphezu kokuba ngikusho ngalolohlobo lomoya olungile, ngikhohle nguMoya oNgewe, entandweni kaNkulunkulu, kungahle kungabibikho lutho kodwa yehle ngesipunu esisodwa esincane esigcwele saleyontaba phansi, kodwa sisendleleni yaso. Ngosuku olulandelayo kungahle kube

namaphawondi amabili ehlayo. Usuku olulandelayo ikota yethani. Futhi mhlawumbe ngenyanga, amathani amahlanu liqathakela phakathi. Kuyini na? Ungahle ngisho ungayiboni okwamanje, kodwa iyahamba, endleleni yayo. Ngiyohlala lapho futhi ngibhekisisa into yenziwa, ngoba uNkulunkulu washo njalo nalokho kuyakuxazulula nje.

²⁵ Ungacabanga lokho ngomama wakho lapho kulobubusuku na? Kulungile, uma uzokucabanga, uzosinda. Kulungile. Lokho ngukuthi uma ukukholwa nje: khuluma nje izwi futhi uhlale nalo. Niyabo? Likhohwe nje; bambelela kulo. LingukuPhila okuPhakade.

²⁶ Manje, kusasa ntambama...ngitshela uBilly, kulobubusuku, ukuba awayeke amakhadi omkhuleko, futhi bengifuna ukukhuluma. Ngiyavuma ngeqiniso, bengilokhu ngihamba kusukela ngoJanuwari, phesheya kwezilwandle, nasemva, ePhoenix, ekhaya ngqo, nasemva, nakho konke ngokuphelele...Lokho kwahlukanisa...Ngize ngibe buthakathaka kakhulu kubelukhuni ukwazi ukuthi ngimi kuphi ngezikhathi. Kuthi nje akungibhaxabule nya.

²⁷ Bese kuthi-ke, ngifanele ngihambe, futhi ba...nina—nina bazalwane ningimemile ukuba ngihlale ezinye futhi izinsuku eziningi. Ngiyakuthakasela kanjani lokho. Ngicabanga impela ukuthi lesi isigejane sabafundisi abamangalisayo lapha. Ngifisa sengathi besingaba nesikhashanyana esiningi senhlanganyelo. Uma iNkosi ivuma, ngizobuya ngesinye isikhathi. Akukho okunye, nje ukuhamba usuka ebandleni uya kwelinye nokujikeleza udabula edolobheni nokunivakashela nonke. Ngingakujabulela ukwenza lokho: noma yini ebengingayenza ukusiza uMbuso kaNkulunkulu, lokho ngukuthi, uma benifuna ngikwenze. Nokubuya ngesinye isikhathi futhi nijoyinane nathi futhi sibe nomnandi, umhlangano omuhle ndawo-ndawo.

²⁸ Futhi khumbulani, bazalwane, ngizobe nginikhulekela. Lokho yinto eyodwa eqinisekile. Futhi ngifuna nina nonke ningikhulekele, nonke.

²⁹ Futhi manje ngi—ngi...kusasa ekuseni izinkonzo zebandla kuwo onke lamabandla amahle ehlukene ngokuzungeza idolobha.

³⁰ Manje, amanye amaqembu avela eJeffersonville lilapha. Abanye babangani bami, omunye wabaphatheli bami webandla, ulapha, uMfowethu Fred Sothmann. Angikwazanga ukubonana naye emhlanganweni. Nomfowethu...O, abaningi abanye babangani bami abavela enhla lapho eJeffersonville, owami upri-...unobhala wami lapho na—nabobonke ulapha, ndawo ndawo emhlanganweni. Angikababoni okwamanje.

³¹ Futhi bazalwane, kunamabandla ayingcosana amahle lapha edolobheni. Futhi nonke nina zivakashi, tholani elilodwa lawo futhi niye kulamabandla kusasa. Azoniphatha kahle,

ngiqinisekile. Bangabazalwane abakholelwa kuloluhlobo lwenkonzo. Yingalesosizathu behlezi lapha emsamo naphansi ezindaweni lapha, ngoba bayakholelwa kuyo. Futhi ngiyawathakasela lawomadoda.

³² Nkosi, busisa lomkhadlu wabakhulu besonto iFull Gospel Businessmen lapha o—oxhase lomhlangano. Kuna . . . ngikholwa bekuyikho, oxhase umhlangano. Ngi—ngihamba kakhulu okuxhaswe yibo, ngoba phakathi lapho . . . Asifanele sibe ngalendlela, kodwa izikhathi eziningi, abazalwane uvumela umehlukwana omncane, njengendoda ikholwa into ethize encane, enye into ethize encane . . . Kuthi ukwenza uhlobo oluncane lokungezwani nokuphatheka kabi okudala okuvela emuva le. Bekufanele ngabe kuphulukisiwe ngalesisikhathi, kodwa ku—ku . . . Futhi uma u . . . uma ngithola iFull Gospel Businessmen, khona-ke lolohlobo losizo luyakubopha, futhi sihlangu ndawonye, futhi siba nenhlanganyelo yangempela ndawonye, izikhathi nje ezimnandi ngempela. Futhi siyakuthakasela lokho. UNkulunkulu awubusise lowomkhandlu wabakhulu besonto. Ngikholwa ukuthi iNkosi yawuvusela inhloso.

³³ Manje . . . futhi-ke ngibenhlanhla enhle ukubona indawo kaMfowethu Oral Robert ngeliny’ilanga. Futhi bakithi, indawo enkulukazi, into enhle kakhulu. Kuyi—kuyisikhumbuzo ePentecoste.

³⁴ Khona-ke ngawelela kwekaMfowethu Tommy Osborn, enye indawo emangalisayo, indoda emangalisayo kaNkulunkulu, e . . . UMfowethu Tommy nami sisondelele nje, noMfowethu Oral, naye, abafowethu nje abasondelele ngempela, futhi siyathandana, futhi sizama ngakho konke ukusebenza yonke into esingayenza senzela abantu okuhle eMbusweni kaNkulunkulu.

³⁵ Ngakho-ke impela ngiyawathakasela lawo madoda elapha kulelidolobha phakathi kwawo onke lamadoda akahle eninawo. Nina zimvu ninabelusi bezimvu abamangalisayo. Nje ngi, ngizokusho kanjalo. Kwangathi iNkosi ingaqhubeka ibe nani nonke ngumkhuleko wami. Futhi manje kusasa ntambama, ngi . . . Iqala ngasikhathi sini inkonzo, bazalwane na? Ligamenxe elesibili. Asithi ngelokuqala—ngelokuqala noma ligamenze olokuqala benifanele nibe lapha ukuze bangaziphazamisi zonke izinkonzo.

³⁶ Manje, uma abafana engakanitsheli, kulobubusuku banezincwadi, izithombe nokunye nokunye, namateyipu, nokuqoshiwe, futhi . . . kwemihlangano, futhi bayakuthengisa. Kodwa angeke sibavumele ukuba bakuthengise ngeSabatha, kusasa. Akukho zincwadi noma lutho oluzodayiswa kusasa. Ngakho asizu . . . asikuvumeli neze lokho. Nakuba abaningi bethe, “Unephutha elisabekayo . . .”

³⁷ Futhi uBabayi omdala uBosworth wayevamise ukungitshela ukuthi, “O, Mfowethu Branham, unephutha lapho,” kodwa yileyondlela engizwa ngayo (Niyabo?), futhi ngi—ngiyezwa. Uma uyifuna eyodwa, bakunikeza eyodwa, kodwa uma... Kodwa ngeke sidayise nge—ngeSabatha. Qhabo. Yilokho kuphela. Uma ngikholwa ukuthi, ngifanele ngikuphile, nje... Ngifanele ngihlale nami uqobo. Niyabo? Futhi ngi—ngifanele ngihlale nezinkolelo zami futhi ngakho... Noma ungathumela ekhaya, futhi, phezulu endlini, phezulu endaweni futhi ukuthole.

³⁸ Manje kulobubusuku, o, nje asi sonke nje asikukhohlwe lokho, o, ukuthi akukho-msebenzi ofanele ukwenziwa, noma yini enye, noma imishikashika yosuku. Asibeke eceleni yonke into, futhi sibuke eZwini okwemizuzu embalwa, futhi sibone ukuthi uNkulunkulu uzokhulumani kithi ngeZwi laKhe. Futhi kwangathi ngingakhuleka ukuthi uNkulunkulu uzosinika esikhulu kakhulu isibusiso kulobubusuku.

³⁹ Gene, ubungangithumbela yena owesifazane na? Ubungangithumbela leyontombazane encane na? Ayisiyo into enhle na? Ubungathanda ukuya ekhaya nami futhi udlale noSarah wami omncane, othi akabemude kangaka na? O, ubungathanda na? Ngi—bengingathanda ukuba ukwenze. Ucishe abengangawe, futhi uyintombazanyana kaBabayi. E-hhe. Hhe. Futhi ngiyakubhejela u—uyamthanda uBabayi wakho nawe, awumthandi na? Umama na? O, impela uyamthanda. Intombazanyana enhle kunawo onke, ngihlezi lapha, ngiyibuka. Amehlo amancane abukeka njengezimbobo ezimbili zokusha kublankethe ne—nezinwele ezincane ezinsundu.

⁴⁰ Ngiyabathanda nje abantwana abancane. Nginamantombazanyana amabili ekhaya. Enye wawo nguRebekah nenye uSarah.

⁴¹ Lapha esikhathi esedlule, ngangihambile. Womabili angamantombazanyana kaBabayi, niyazi, futhi ngiyawathanda. Futhi athi nje angangena ngifanele ngiwagqogqoshe, futhi... nguBeck kuphela osekhule kakhulu ukuba ngimgqogqoshe; mkhulu ngangami. Usengephula umgodla wami manje; u... kodwa useyintombazanyana kaBabayi, noma kunjalo. Futhi manje, cishe ngomunye unyaka, sifuna ukumthola esikoleni seBhayibheli ndawo ndawo futhi asuke esikoleni somphakathi.

⁴² Futhi khona-ke, babelindele uBabayi, niyazi, ukuba afike ekhaya. Ngangikade ngiphumile ngisemhlanganweni. Futhi kusasa ebusuku bayobe bengilindle kuze kube phakathi nobusuku ukuzama ukuba ngingene. Futhi ngakho, angangena kusesekuseni ngempela, cishe ngelesithathu noma ngelesine nqo ekuseni. Nomama uza emnyango futhi angingenise, futhi ngangikhathele kakhulu futhi ngikhandlekile, ngi... Lapha emsamo, ngi... ngenkathi i... ukugcotshwa kuzwakala kahle, kodwa uma lokho kuke kwakushiya, yilapho ongena khona

enkathazweni. Bangaki osekake wakwazi lokho na? Ngani, impela kunjalo.

⁴³ Bukani. UEliya wakhuphukela entabeni futhi wabiza umlilo uvela ezulwini, wabiza imvula ivela ezulwini, futhi khona-ke ngenkathi uMoya umshiya, wazulazula ehlane izinsuku ezingamashumi amane noNkulunkulu wamfumana, wamdonsela emgedeni ndawo ndawo.

⁴⁴ UJona, wehlela ezansi futhi wahlala ephila esiswini somkhomo izinsuku ezintathu nobusuku, waphimisela phezu kogu futhi wahamba ezungeza eshumayela. Umuzi wonke waphenduka futhi weza kuNkulunkulu. Futhi ngenkathi ugcobo lwamshiya, wenyukela esiqongweni segquma futhi wacela uNkulunkulu ukuba athathe ukuphila kwakhe. Niyabo?

⁴⁵ Ngima eceleni kwethuna likaWilliam Cowper, kungekudala, lowo owaloba lelohubo elidumile lelo esilisebenzisa enkozweni yethu yesidlo:

Kunomthombo oGwaliswe ngeGazi,
Elimuncwe emithanjeni kaEmanuweli,
Lapho izoni zibhukuda phansi
kwethantala . . .

⁴⁶ Senake nezwa ukuthi wa . . . kwenzekani kuye na? Emva kokuba ukuphefumulelwa kumshiyile kulokho, wazama ukuthola umfula ukuba azibulale.

⁴⁷ Ngihlala ngaphesheya ngqo kweKentucky Home endala. NoStephen Foster wanikeza iMelika amaculo abantu adume kunawowonke. Futhi ngenkathi esewabhalile, uthola ukuphefumulelwa, lokho kuphefumulelwa, ubhala iculo, khona-ke ngenkathi esephuma kukho, uyahamba adakwe. Ekugcineni, wabiza inceku futhi wathatha ireza futhi wazibulala.

⁴⁸ Abantu abazi ukuthi labobantu abaphila emazingeni okomoya bedlulaphi. Manje lapha, uzwa sengathi unganqokula intaba, kodwa dedela nje ugcobo kuqathake kuwe, futhi uqale kulowomnyango . . . Uma kungekho-muntu lapho ukuba akubambe . . . Niyabo? Bese kuthi-ke, mhlawumbe okwamahora ambalwa kul'ukhuni kuwe, uyamangala ukuthi ukuphi. Futhi khona-ke ubusuku emva kobusuku, lokho kuthatha okuhle kunakho konke kuwe.

⁴⁹ Futhi omncane . . . Ngifuna ukunioxela ngoSarah omncane noRebekah. Ngakho ngokusa okulandelayo, ngangalala, futhi ngavuka, ngangihlezi esihlalweni, futhi emva kwesikhashana uBecky, ongomdala, waye-wayenemilenze emide kunoSarah, futhi ngakho uBecky uza egijima . . . wavuka, wagxuma waphuma embhedeni, engamvusi udadewabo omncane, futhi nangu eza edabula endlini, egijima kanzima njengoba wayengenza. Wayethi, "Babayi, Babayi . . ." Ngakhipha owodwa wemilenze yami, futhi wagxumela wanquma lapho, ezimelela kahle impela. Uhlobo olufana ne-nebandla lesimodeni, niyazi,

kade lisendimeni isikhathi eside, niyazi, cishe iminyaka embalwa eyikhulu. Wayezibhalansela kahle impela, futhi wangigaxa ngezingalo zakhe futhi wathi, “O, Babayi wami, Babayi wami . . .”

⁵⁰ Futhi uSarah omncane wayene, esiyaluyalwini, wavuka. Awu, angazi noma abantwana bakho akakwenzi yini; abami uyakwenza: Omncane wayeshiyelwe ngomdala ingubo. Futhi ngakho-ke uSarah wayefake amapijama kaBecky, izinyawo zithi azibengaka ubude, niyazi. Futhi nangu eza, umfo othi akabe mfishane, ewa, ekhubeka. Futhi wafika lapho, kamuvanyana. Ngakho uBecky waphenduka, wayesethi, “Sarah, dadewethu, ngifuna ukukutshela okuthize.” Wathi, “Ngifike lapha kuqala. Futhi ngingunya. Ngakho ngingaye wonke uBabayi futhi akukholutho olukusalele.”

⁵¹ Yingaleyondlela abanye abantu acabanga ngayo ngenkolo, akunjalo na? Ehhe. Kunjalo.

⁵² NoSarah bandla omncanyana, wehlisa udebe lwakhe oluncanyana, namehlo akhe ansundu amancane ayengibuka, futhi waqala wakhala. Futhi uBecky isihlathi sakhe sencike kwesami, engigona. Ngiyamthanda. Futhi uSarah waqala ukuhamba wasuka ngoba uBecky unaye wonke uBabayi. Ngakhipha ngokushesha elinye idolu *kanje* ngamqhweba *kanjalo*. O, wamisa izindlebe wathula masinyane futhi wagijima, wagxumela edolweni lami ngakho . . . Wabekade engekho ngalapho isikhathi eside nemilenze yakhe yayingafinyeleli ngisho kwiphansi lendlu. Wayethi ukuba nokuntengantenga okuncane (mhlampe, njengoba nginjalo, ukudiyazela nje kancanyana, niyazi), futhi wayenga . . . ngenakufinyelela kwiphansi lendlu. Wayengesilo ihlelo elikhulu, niyazi, futhi ngakho wayengenakufinyelela phansi kwiphansi lendlu eliqinile. Wayekade engekho ngalapho kade ngokwenele.

⁵³ Futhi ngakho, wayethi ukuba nohlobo lokuntengantenga, futhi ngamgaxa ngezingalo zombili *kanje* futhi ngamgona ngamsondeza kimi, futhi wayelokozisa lawomehlo amancane ansundu, futhi wabuka emuva kuRebekah emuva. Wathi, “Rebekah, dadewethu,” wa—wathi, “kungahle kube yiqiniso ukuthi unaye wonke uBabayi, kodwa ngifuna wena wazi into eyodwa, uBabayi unami wonke.” Ngakho . . .

⁵⁴ Lokho ngu . . . Kanjalo nje Unami wonke. Ngingahle ngingabi nayo imfundo ukubeka izinto ezinkulu phezulu, kodwa inqobo nje uma ngazi ukuthi Unami wonke, ekuntengantengeni kwami, Mvumele nje akugaxe ngezingalo zombili, kuzongenza nje ngizizwe ngikahle.

⁵⁵ Awu, ake sinikele elinye izwi elincanyana lomkhuleko kuYe ngaphambi kokuba sivule iZwi.

⁵⁶ Manje, Baba waseZulwini, siyaqonda ukuthi sinjengabantwana nje futhi. Futhi—futhi Uyathanda ukuba

nathi, nokukhonza nathi. Futhi njengoba siKukhonza, futhi Wena uyasithanda, futhi usibamba ngezingalo zaKho, futhi uthumela phansi uMoya oNgcwele waKho, futhi usenza sazi ukuthi Uyaphila futhi UnguBaba wethu, siyaKubonga kakhulu impela. Manje, makuthi uMoya oNgcwele ufike kithi kulobubusuku. Thanda inhliziyo ngayinye, Nkosi. Siphe isibusiso esifreshi. Thululela amazolo omusa phezu kwethu, Baba. Ungabuki ezonweni zethu. Ziningi kakhulu. Nkosi, zithethele nje. Zisuse, Baba, futhi nje usibeke ezingalweni zaKho, futhi—futhi uphilise ukugula kwethu, futhi—futhi uhlanze imiphefumulo yethu, futhi ukhulule imiphefumulo yethu, Nkosi, ukuze sizokukhonza futhi sikudumise Wena, sibe njengabantwana abancane begijima bezungeza indlu, sazi nje ukuthi uBabayi usibhekile. Siphe khona, Nkosi.

⁵⁷ Manje, akukho-muntu ongakwazi uku—ukuhumusha iZwi. Siyakuqonda lokho. UJohane wabona iNcwadi esandleni sokunene saKhe owayehlezi phezu kwesihlalo sobukhosi, futhi kwakungekho-muntu ezulwini, noma emhlabeni, noma ngaphansi komhlaba owayefanele ukuthatha iNcwadi ukuyivula, noma ukuqaqa izimpawu. Futhi nakho kunyuka iWundlu, elalikade lihlathshiwe selokhu kwasekelwa umhlaba. Futhi Lalifanele. Futhi Layithabatha iNcwadi, futhi laqaqa izimpawu, futhi layivula iNcwadi. O Wundlu, woza kulobubusuku. Sivulele iNcwadi, Baba, njengoba silindile kuWe, ngokuba sikucela eGameni likaJesu, iWundlu likaNkulunkulu. Amen.

⁵⁸ Ngikhethile kulobubusuku, ivesi elincane lomBhalo lapha lamagama amathathu. Kodwa kuqala ngifuna ukufunda ivesi noma amabili kuJohane oNgcwele, isahluko 11 ngiqala ngevesi lama 23.

UJesu wathi kuye, Umnewenu uzakuvuka.

UMarta wathi kuye, Ngiyazi. . . uyakuvuka ekuvukeni ngosuku lokugcina.

UJesu wathi kuye, Mina ngingukuvuka no. . . kuphila: akholwa yimi, noma efa, wophila:

Nalowo ophila akholwe yimi kasoze afa naphakade. Uyakholwa yilokhu na?

Wathi kuye, Yebo, Nkosi: ngiyakholwa ukuthi wena unguKristu, iNdodana kaNkulunkulu, obezakuza ezweni.

⁵⁹ Futhi okwendikimba ngifisa ukusebenzisa lamagama amathathu: *Uyakholwa YiLokhu Na?*

⁶⁰ Ngifunda indaba esikhathini esedlule. Ngicabanga ukuthi kwakuyingane kwane. Futhi cishe bonke abafundisi, ngiqagele, bayifundile incwadi ka Dkt. Ingraham ye—ye *The Prince Of The House Of David*. Yincwadi enkulu. Yi, ngicabanga, ukuthi

ayisashicilelwa. Bengingathanda ukuba nayo ibhaliwe, ukuze ngizoyibeka phakathi kwabantu.

⁶¹ Futhi phakathi lapho, ngangifunda isiqephu esincane sendaba ngalo Lazaru, nangoJesu, noMariya, noMarta, ukuthi, odadewabo bakaLazaru. Futhi ngangifunda lapho lapho uJesu ayehlala khona, ngiyakholwa, noMarta noMariya. Bobabili babengamantombazane amaHeberu athandekayo. NoLazaru wayefunda noma egeqeshwa ukuba abe ngumbhali etempelini, enza izincwadi amalettha zomthetho enzela abapristi.

⁶² NoJesu wabekade enenhlanganyelo enkulu, ikakhulukazi noLazaru. Uma sifunda encwadini ukuthi lapho Wafika ekhaya labo, noMarta wayethi ukuba nokulibala kancane ngokulalela amazwi aKhe, kodwa wayeba nokulungiselela ukudla kwasemini futhi alungise itafula, kodwa uMariya wayehlala ezinyaweni zaKhe. NoJesu wathi uMariya ukhethe izinto ezingcono.

⁶³ Futhi khona-ke, satshelwa ukuthi uLazaru kwakunguye owaletha uJesu kuJohane, endabeni yencwadi kaDkt. Ingraham, ne...kwi *The Prince Of The House Of David*. Noma kunjalo, lokho kungahle kungabi iqiniso, angazi, kodwa nje okwesendlalelo sakho, kodwa Wayecatshangelwa ukuthi wayehlala nabo.

⁶⁴ Manje, kade sifunda lokhu kufika, ngaleliviki eledlule, njalo, ukuthi uJesu washo kuJohane oNgcwele 5:19, “Ngi... INdodana ingenze lutho ngokwaYo, kepha lokho Ebona uYise ekwenza: lokho iNdodana iyakwenza kanjalo. UYise uyakwenza neNdodana nayo iyakwenza.” Niyabo? “Lokho Ebona uYise ekwenza.”

⁶⁵ Ngakho ukwenza lokhu kubeyindaba elungile ngempela, uBaba, uNkulunkulu, kungahle ukuba wakhuluma eNdodaneni yaKhe, uJesu, futhi wathi, “Umngani wakho, uLazaru, uzofa, kodwa kuzoba ngokokuhle, ngakho Lishiye ikhaya. Hamba, ngoba kuzocelwa Wena ukuba umkhulekele, noma, umsindise, futhi—futhi angifuni Ukwenze lokho.” Uma nibhekisisa indaba njengoba siqhubeka, nizobona kukhuphukela kuleloqiniso lalokho impela. Ngakho, uJesu, ngaphandle nje kwesexwayiso noma yini, wahamba wasuka endlini futhi waya ndawana-thize enye, akabuyanga ngalobobusuku. Futhi Wahamba waya kweminye imizi. Futhi kwathi nje uJesu angalishiya ikhaya, khona-ke inkinga yangena.

⁶⁶ Futhi uma uJesu eshiya ikhaya lakho, inkathazo isendleleni yayo. Khumbulani nje, uma Eshiya ikhaya lakho, inkathazo isendleleni. Uma uthola izinhlangano zezihlaliswano nayo yonke into isebenza ebandleni lakho ngokuphelele kakhulu, njengenkulu kakhulu iRickenbacker enamasilinda ayishumi nesithupha, futhi ushiye uJesu ngaphandle kwakho, uma uJesu ehamba ebandleni lakho, inkathazo isendleleni. Yebo,

mnumzane, uma uJesu eshiya ihlelo, ukuthi baMbeka eceleni futhi bathi, “Awu, manje asikholwa ukuthi lezizinto bezingaba ngezilungile ncamashi nje,” futhi ulandela okunye okuthize, inkathazo isemgwaqeni wayo. Khumbulani lokho nje.

⁶⁷ Kungikhumbuza indaba yeNkosi uJesu, etholakala eNcwadini kaLuka. Niyazi ngenkathi nje Esengumfana oneminyaka cishe eyishumi nambili ubudala, abantu bakuBo baMthatha, njengoba isiko linjalo umnyaka ngamunye, enhla emkhosini wePentekoste. Futhi beselapho emzini waseJeruselema emkhosini futhi benesikhathi esimnandi, siyathola eBhayibhelini, ukuthi bahamba izinsuku ezintathu ngaphandle kwaKhe. Nokuthi ukuthi bacabanga mhlawumbe, nje bakuthatha kalula, ukuthi uJesu wayengahle ukuba wayephakathi kwabantu bomndeni wabo. Manje, singekwenze lokho. Ngenkathi beza ukuba bahambe bedlule kubantu bomndeni wabo ukuthola, Wayengekho lapho.

⁶⁸ Futhi singeke sakuthatha kalula, ngoba nje siyiMethodisti, iBaptisti, iPresbyterian, iPentekoste, nemuva lethu nokhokho bethu babengamakholwa amakhulu, siyakuthatha nje, awu, kalula, uJesu unathi. Ngeke sikwenze lokho. Sifanele sibe sekuxhumaneni naYe nsuku zonke nangawo wonke umzuzu. O, ngiyakuthanda lokho.

⁶⁹ Ngifuna lokho uNkulunkulu ayikho manje. Lokho abazali bami obenakho, lokho okhokho obenakho, kuyamangalisa. Kodwa lokho ababenakho kuhle. Ngicabanga ukuthi sisenhla-ke nomgwaqo.

⁷⁰ Ake sibone ukuthi Uyini namhlanje. Angifuni ukubuka emuva futhi ngibone ukuthi uMnu. Moody wenzani, ngoba sisenhla le nomgwaqo kunoMnu. Moody. Inkathazo ngamandla ethu sibuka emuva futhi sithi, “Awu, asibone ukuthi uMnu. John Wesley wathini, ukuthi abanye babo bathini.” Yingalesosizathu isayense iqhele kakhulu enkundleni yabo, kunoma inkolo injalo kukho.

⁷¹ Lapha iminyaka engamkhulu amathathu edlule, usosayense ongumFrentshi wafakazisa ukuthi uma ubungahamba ngesivini esikhulu kakhulu samamayela angamashumi amathathu-nanhlanu ngehora, okudonsela phansi kungakuthatha kukususe emhlabeni. Ucabanga ukuthi isayense ingabhekisela emuva kulokho namhlanje na? Bahamba amamayela angamakhulu ayishumi-nesishiyagalolunye ngehora futhi bebe besalokhu beqhubeka. Bacindezela baya phambili, bebuka phambili. Kodwa sifuna ukubuka emuva futhi sibone ukuthi uMoody wathini; uSankey wathini; uFinney wathini; uKnox, uCalvin; abanye balabo. Abakusho kwakulungile. Lokho kwakungokonyaka wabo, kodwa siyaqhubeka.

⁷² Umkhulu wami wagibela inqola yenkabi. Ngishayela iFodo iV8. Indodana yami iyondizisa ibhanoyi ijethi. Lokho

ngukuthi, siyaqhubeka. Yilokho inkolo efanele ibe yikho. Ukufika kweNkosi sekuseduze. Ibandla belifanele liqhubekela phambili emandleni abo. Isayense ingakhwela kuphela kangaka bese kuthi-ke iyawa, kodwa sinemithombo engakasetshenziswa, engakaze ithintwe, yamandla, angenakuphela, kaNkulunkulu, ebesifanele singene kuyo. Siphila amamayela ayizigidi ngaphansi kwelungelo lethu kulobubusuku, lamalungelo amaKristu ukuba awajabulele. Ngizizwa nginamahloni ngami uma ngibuka phandle lapha futhi ngibona izikhungo, nokugula, nezinkathazo eqhubekayo khona manje. Ibandla lethu belifanele ngabe lihamba esitaladini, liphilisa abagulayo, livusa abafile, likhipha odeveli, lenza izibonakaliso nezimanga, lenza umhlaba wonke uqonde ukuthi uJesu Kristu uyaphila. Yilokho esifanele sikwenze.

⁷³ Ngani, nina nithi, “Mnu. Moody akazange...” UMnu. Moody wayengaphili kululusuku. Kunjalo. Siphila ekufikeni kweNkosi. Futhi nje sikuthathe kalula ukuthi Wayenabantu bakithi bomndeni. Kodwa ngeliny’ilanga ngenkathi ocela inselelo ephosela inselelo uMnu. Graham, siyathola ukuthi Wayengekho phakathi kwabantu bakithi bomndeni.

⁷⁴ BaMtholaphi na? Ba—bamtholaphi uJesu na? Khona lapho abaMshiya khona. BaMshiyaphi na? Emkhosini wePentekoste. Simshiyaphi uJesu, limshiyephi ibandla na? Emkhosini wePentekoste. Uma siqhela kulawomandla akudala ePentekoste nomkhosi wePentekoste, siyaqhela kuJesu. Kunjalo impela, mngani. Siphila ngaphansi kwamalungelo ethu. Yebo, mnumzane

⁷⁵ BaMshiya emkhosini wePentekoste, futhi yinye kuphela indawo iMethodisti, iBaptisti, iPresbyterian, namaPentecostal ayoke aMthole khona, ngukubuyela emuva lapho oMshiye khona. Kuphi ukuthokoza kweNkosi na? Aphi amandla eNkosi na? Ibandla liyabuza namhlanje, “Kwe—kwenzekeni kuNkulunkulu womlando na?” Ulinde abantu baKhe ukuba baMbizele enkundleni. Kodwa i . . .

⁷⁶ Angeke sakwenza ngamahlelo. Angeke sakwenza ngesayense ephathelene nengqondo. Angeke sikwenze ngaphansi kwezibalo, noma angeke sikwenze ngemfundo. Siyazehlusa, sizehlukana. Asehlukene. Singumuntu oyedwa impela kuKristu uJesu. Sonke simunye kuKristu, futhi amahlelo ethu alisoze lakwenza. Emahle enjalo, awasoze akwenza. Imfundo yethu iyisivimbelo esikhulukazi iVangeli eselake laba naso, imfundo.

⁷⁷ Esikudingayo akusiyo imfundo. Sidinga amandla nokubonakalisa kukaMoya oNgcwele emuva ebandleni ukubonakalisa amandla. UJesu akazange athi, “Hambani niye ezweni lonke futhi—futhi nifundise.” Akazange athi, “Hambani niye ezweni lonke futhi nenze . . .” Wathi, “Hambani

niye ezweni lonke futhi nishumayele iVangeli.” Futhi iVangeli ngukubonakalisa amandla kaMoya oNgcwele, uvuko. Sisashoda ngamamayela ayisigidi kunalapho esifanele sibe khona. Asiye phambili. Asibuyele emuva lapho esiMshiye khona emkhosini wePentekoste.

⁷⁸ UJesu wathi, kuJohane, ngiyakholwa, esahlukweni 15, Wathi, “NginguMvini; ningamagatsha.” Awu manje, uma lowoMvini uveza igatsha lokuqala, futhi okuphuma kulelogatsha kwabhala iNcwadi yeZenzo, igatsha lesibili liyokwenza enye iNcwadi yeZenzo. Igatsha lesithathu liyokwenza enye iNcwadi yeZenzo. Futhi lonke igatsha eliphuma kuloyuMvini liyoba ngelifanayo njengoba igatsha lokuqala lalinjalo.

⁷⁹ Manje, ungaxhumelela, siyakwazi lokho. Ngisibonile isihlahla esisawolintshi cishe sinezinhlobo eziyisishiyagalombili ezehlukene zesithelo kuso. Ngisibonile isihlahla samawolintshi sithela ophaphamuzi, nolamula, nayo yonke enye into kuso, kodwa kwakuhlelwe phakathi.

⁸⁰ Yileyo indaba namhlanje. Sihlele imibono yethu, sihlele amahlelo ethu, kodwa uma lesosihlahla sike saze saveza omunye wesithelo umvini, sona qobo lwaso, siyoba njengezasekuqaleni ezahamba zangena kuso. Halleluya! O, ibandla liyohlangana ndawonye, kodwa sidinga amandla asekuqaleni. Sidinga uMoya oNgcwele, amandla ovuko kaJesu Kristu. Yilokho Asitshela ukuba sikwenze.

⁸¹ “NginguMvini, ningamagatsha.” Uma umvini wamagilebhisi uveza ingxenye entsha yesitshalo, futhi siveza amagilebhisi amahle aluhlaz’asibhakabhaka, umvini olandelayo oluwukhiphayo uyoba namagilebhisi amahle aluhlaz’asibhakabhaka kuwo. Uma uMvini wokuqala uphuma, futhi bawela phansi komfutho woMoya oNgcwele, futhi benza izimangaliso ezinkulu, nezibonakaliso, futhi banameka ngophawu ubufakazi babo ezweni...Ngisho abaningi babo nobufakazi babo uqobo, bona, ngegazi labo, banameka ngophawu ubufakazi babo. Badlula kuzozonke izinhlobo zamaparele nayoyonke into ukuletha iVangeli. Bahlupheka; bashaywa; bajeziwa. “Sifanele siyiswe eZulwini ngombhede wezimbali onentokomalo, ngenkathi abanye balwa ukuzuza umklomelo, futhi bantweza badabula ezilwandle zegazi na?” Sibheke ukwenzani na? “Ngifanele ngilwe uma ngifanele ngibuse. Yandisa isibindi sami, Nkosi.” Impela. Sidinga i. . .

⁸² Asidingi ihlelo elisha. Asidingi isakhiwo esisha sebandla. Esikudingayo namhlanje indawo yakudala ethe qequelele engenakuthonywa impilo yesimanje, isibhakabhaka esiblu, imvuselelo yePentecostal ebulala isono, eyazalwa ePentekoste futhi isibuyile ebandleni futhi, amandla kaMoya oNgcwele futhi, ukuletha uJesu enkundleni.

⁸³ UNkulunkulu womlando uhlala njalo evuka enkundleni ngomzuzwana obucayi. Siyakudinga. Yileyo indaba ngebandla lethu namhlanje. Sibuyela emuva kakhulu. Siwela ezimfashinini zezwe. Futhi kancane kancane, unyaka nonyaka, kuqala ukufa kancane futhi kubune kushabalale.

⁸⁴ Yisikhathi sokuthena amagatsha maduzane. UNkulunkulu uyolinquma alibuyisele emuva impela njengoba ngimi kulelipulpiti. UNkulunkulu uyolinquma alibuyisele emuva ukuba alenze lithela isithelo. Uyonquma imisebenzi yezwe iphume ngolunye lwalezizinsuku. Ihlazo elinje pho, indlela ibandla eliqhubeka ngayo ngaphansi kwegama lenkolo.

⁸⁵ Futhi siyathola, uma uJesu eshiya, ukufa kuyangena. Uma uJesu eshiya ibandla lethu, amandla kaMoya oNgcwele eshiya ibandla, liqala ukuncipha futhi—futhi life. Futhi emva kwesikhashana akusekho lutho okunye kulo. Manje, uma uJesu eseshiyile, ukufa kuyangena. O, kwakuyisikhathi esidabukisa kanjani.

⁸⁶ Futhi qaphelani, bazulazula, futhi bathumela kuJesu, kodwa Akafikanga. Bathumela kuYe futhi, futhi Akafikanga, kodwa Wayazi ukuthi Wayezokwenzani. Uyazi kulobubusuku, ukuthi Uzokwenzani. Akulahlekile kuYe: Uyazi ncamashi ukuthi yini Alungiselela ukuyenza. Uzovusa abantu, ngokuqinisekile nje njengoba ngimile kulelipulpiti. Uzovusa abantu ngenxa yeGama laKhe abavela esizukulwaneni sabeZizwe. Uzokwenza.

⁸⁷ Yisikhathi samaJuda esiseduze khona manje, nesabeZizwe ziyaphela, ngoba nje baqhubeka baphuma. Benqaba uKristu; benqaba izibonakaliso zabo; banqaba yonke into ebizwa ngokumesaba uNkulunkulu, futhi bayibeka umaka ngohlobo oluthize lokufunda ingqondo noma amandla kadeveli futhi benze. . . Bathuka uMoya oNgcwele futhi bezinameka ngophawu beziqhelise kuNkulunkulu. NoNkulunkulu uyothatha lowo abancane ngesibalo, emva kwesikhashana, futhi akuvusele eBandleni elinamandla, bese kuthi-ke aphenulele uMoya kumaJuda, futhi ayise ekhaya iBandla labeZizwe. Kunjalo impela. Lisekwenzeni manje. O, kanjani, sisesikhathi sokugcina, cishe impela.

⁸⁸ UJesu, Wayazi. Futhi emva kwesikhashana Wathi, “Umngani wethu, uLazaru, ulele.”

⁸⁹ Ngani, abafundi bacabanga ukuthi wayephumule kancane. Wathi, “Awu, uma elele, wenza kahle.”

⁹⁰ Awu, Wathi kweyaKhe. . . amazwi abo, ukuze bezoqonda, wathi, “Ufile, futhi ngenxa yenu ngiyathokoza ukuthi bengingekho.” Niyabo? “Ngenxa yenu, ngiyathokoza ukuthi bengingekho.” Ngoba bebeyoMcela ukuba—ukuba aphilise—ukuba aphilise, kodwa Wayazi Wayengeke akwenze, ngoba umbono nokho wawu. . . emva kwalezozinsuku ezine Wayazi ukuthi kwakuyisikhathi uBaba aMtshela ngaso. Kuhle kanjani;

Wathi ethuneni, “Baba, ngiyaKubonga, Wena usungizwile, kepha ngikusholo labo abamile ngakimi.” Niyabo? Wayesevele Azi ayezokwenza. Wathi, “Ngizohamba ngiyomvusa.”

⁹¹ Manje, sengiyabona nje lelokhaya elincane elase lephukile ngempela. Umondli walo esehambile, ukudabuka. O, kuyamangalisa uma unekhaya elidabukile noma inhliziyiyo edabukile, bese kuthi-ke uJesu eyabonakala kanye, akunjalo na? Sengiyabona uMarta, owesifazane omncane omuhle nendwangu emnyama ebusweni bakhe, noMariya omncane, nabo bebambene omunye nomunye, bethi, “Sizokwenzani na? UBaba noMama uhambile, nomfowethu oyigugu... Manje, sishiye ibandla, futhi sixoshiwe kubo, futhi saphuma ukulandela uJesu waseNazaretha. Futhi Usevele wadluthula futhi wasishiya, ndawo ndawo.”

⁹² Sengiyamuzwa umgxeki eza futhi ethi, “Heyi, uphi lowoMphilisi ngokukaNkulunkulu, lowo mProfethi waseGalile na? Uphi manje na? Niyabo, uma sekufika isikhathi ngempela kuYe ukuba enze okuthize, Usehambile.” Nakho-ke. Niyabo, uNkulunkulu nje uyathanda ukwenza lokho, uvumela abantu nje, nje, uvumela abantu bazikhombe ukuthi bangobani, ya, ukubavivinya nje ukubona ukuthi bangobani ngempela. Ubanikeza isibusiso. Uyabonakala, Azikhombise, Azethule kubantu, ukubona nje ukuthi bazothatha muphi umnyakazo, ukubona nje ukuthi bazokwenzani ngakho.

⁹³ Manje, siyathola-ke, emva kwe—kwezinsuku ezimbalwa, izinsuku ezine, uLazaru bandla wayesefile. Bamngcwaba. Usuku lwesibili, usuku lwesithathu, usuku lwesine... Manje, noma ubani uyazi ukuthi ukubola kungena emva kwezinsuku ezintathu: ikhala liwela ebusweni, kuqala. Bese kuthi-ke ukubola kuyangena; izibungu zesikhumba siqala ukudla umzimba. Bamlalisa emhlabathini, babeka idwala elikhulu phezu komgede phezulu lapho ababemlalise khona. Futhi konke kanye ngasikhathi, intombazane encane yayiphuma futhi iguqe phansi ethuneni futhi ikhale.

⁹⁴ Futhi emva kwesikhashana, izindaba zadlula, “UJesu ufikile. SiMbonile engena edolobheni.” O, lowo Marta omncane, lowo owayekade kakhulu, ngokubonakala, enokulibala kakhulu ngakho, wafakazisa ngaleyonkathi ukuthi wayenziwe ngani. Nangu eza. Uza ngomgwaqo wakhe ngaleyonkathi, egijima ephuma efuna. Sengiyabezwa abanye babo ngasemgwaqeni bethi, “Awu, ngiqagele wenelisekile manje, ukuthi inkolo yakho beyingamanga.” Wavele akangabanaka nje futhi waqhubeka, wedlula ngakubo bonke abagxeki. Wehlela ezansi waze waMbona, mhlawumbe ehlezi phansi ekhoneni lomgwaqo.

⁹⁵ Manje, kubonakala, ufanele... angahle ukuba wayenelungelo lokuMthethisa no—nokukhuluma okubi kuYe. Ngani, akagijimanga wenyuka futhi wayesethi, “Buka lapha,

buka lapha, Wena. Ufanele ngabe ungumProfethi, uMuntu kaNkulunkulu. AWuzanga ngani ngenkathi siKubiza na? Ngani, siyinhlekisa yedolobha manje. Siphumile ebandleni lethu ukulandela Wena.” Kwakubonakala sengathi wayenelungelo. Kodwa niyazi, njengoba nje ngashumayela ngokuthi, *IWundlu NeJuba*, uma siyiwundlu, iwundlu linikela lonke ilungelo elinalo. Kunjalo impela. Alinalutho kuphela uvolo, ngakho lizofanele linikele lokho. Futhi unikela ngalolonke ilungelo onalo ukuba ukhonze uNkulunkulu. Kunjalo impela.

⁹⁶ Ngangilanzela abesifazane ngendlela bona agqoka ngayo lezizingubo ezincanyana ezindala, niyazi, futhi bathi, “Awu, si—singaMamelikana. Singenza esifuna ukukwenza.”

⁹⁷ Ngathi, “Kunjalo impela, kodwa uma uyiwundlu, uyonikela ngamalungelo akho.” Ukubhema osikilidi nokuqhubeka kanjalo, leyo yinto embi ukuzedlula zonke owesifazane ake ayenza. Kunjalo impela.

⁹⁸ Inenekazi lathi kimi, kungekudala, likhuluma nami, lathi, “Kodwa, Mfowethu Branham, abasalwenzi olunye uhlobo lwezingubo.”

⁹⁹ Ngathi, “Kodwa basayenza imishini yokuthunga nokuthengisa izinto. Akukho zaba ngakho nhlobo.” Kunjalo impela.

¹⁰⁰ Khumbulani, ngeliny’ilanga, angahle ubemsulwa lapha kumyeni wakho, kodwa uyophendula ngokuphinga ngakho, nje impela: “Obuka owesifazane amkhanukele, usevele uphingile naye enhliziyweni yakhe.”

¹⁰¹ Yini indaba ngani besifazane bePentecostal namhlanje, yilokho okungimangalisayo. Ukuthi nisuke kanjani emgqeni omdala oqoshiwe. Ukuthi omama benu babevamise kanjani ukuba nezinwele ezinde, futhi namhlanje abesifazane bePentekoste bazipenda njengesigejane seMardi Gras, futhi banqume izinwele zabo, futhi bagqoke ezincanyana ezindala izingubo ezimfishane kanjalo, njengayo yonke nje indlela... niphume futhi nigunde igceke ntambama, lapho abesilisa beza bedlula, niyaqonda, sifazane, ukuthi uyodingeka uphendule ngokuphinga nalawomadoda na? Uziveza wena qobo lwakho kuwo ngaleyonhloso. Ngumoya omubi ebandleni nabantu, futhi abakwazi. Baphuphuthekile futhi abakwazi. Yiqiniso.

¹⁰² Mhlawumbe ungahle uthi anginalungelo ukusho lokho njengomvangeli. Awu, ngi—ngifanele ngilandele ukuhola kukaMoya oNgcwele; yilokho kuphela engingakusho. Wena...Uma ngihlangana nawe ekwahlulelweni, khona—ke angeke ngadingeka ngibe negazi lakho ezandleni zami. Suka kuwo wonke umhlabathi obukeka njengoSathane. Qhela kuwo. Suka kuwo. Angikhathali ukuthi zingakanani izingcweti zethelevishini...Awukho lapha, ukuba yingcweti yethelevishini; uyindodakazi kaNkulunkulu.

¹⁰³ Ngashumayela ebandleni lomfundisi ngokunye ukusa, ngesigqila esidala, ngesikhathi babethengisa ngezigqila kudala. Futhi babevamise ukufika futhi bazithenge endalini. Futhi abantu babe, babelila, bekhala, ngoba ikhaya labo lendabuko; babengasayophinde babuyele kulo nhlobo. Futhi babefanele bababhaxabule. Futhi babebathenga njengoba nje ubungathenga imoto, noma ngani nje, amanani, futhi bebathengisela abantu.

¹⁰⁴ Futhi ngeliny'ilanga, othengayo uyafika, otheng' athengisele abanye, kwenkulu ifounda-...kwelikhulu ihlathi lokutshala, njalo. Futhi wathi, "Zingaki izigqila onazo ozithengisayo na?"

¹⁰⁵ Wathi, "Awu, nginazo engingashintshanisa ngazo." Babezama ukuba nazo zibenkulu. Bathathe omama, obaba... Uma owesifazane wayekade eshadile wayengowesifazane omncanyana ontekenteke, babethatha lawa amakhulu amadoda aphilile kahle futhi bebazalanisa uku...njengamahhashi nezilwane. Kwakungalungile. UNkulunkulu wenza umuntu. Umuntu wenza izigqila. Akulungile kwasekuqaleni, lutho. UNkulunkulu akahlosile ukuba noma yimuphi umuntu abe yisigqila. Qhabo, mnumzane. Futhi akukho...Bhekisisani ukuthi kwenzekani.

¹⁰⁶ Khona-ke phakathi kwakho konke lokho, lomfo wathi, "Awu, ngingathanda ukuthenga ezinye zazo..." Waqaphela umfo oyedwa omncane lapho. Babengadingekile ukuba bambhaxabule. Isilevu sakhe sasibheke phezulu, ikhanda liphezulu, njengendoda ehloniphekile, ehamba ezulazula. Futhi nalowo otheng'athengisele abanye wathi, "Ngingathanda ukumthenga."

¹⁰⁷ Wathi, "Kodwa akathengisi."

¹⁰⁸ Wathi, "Awu, ngani na?" Wathi, "Ngabe ungubasi na?"

¹⁰⁹ Wathi, "Qhabo, uyisigqila."

¹¹⁰ "Awu," wathi, "ngani na? Ngabe umondla kangcono kunabo bonke na?"

¹¹¹ Wathi, "Qhabo. Udla phandle lapho ekamelweni lokuphakela emkhunjini nazo zonke. Uyisigqila."

¹¹² Wathi, "Yini emenza ahluke kakhulu kangaka kunabo bonke na?"

¹¹³ Futhi ubasi wathi, "Ngangimangala nami uqobo isikhathi eside, kodwa ngeliny'ilanga ngathola. Pshesheya ezweni lendabuko, uyise uyinkosi yesizwe. Futhi nakubo engowezizwe ekude nekhaya, usazi ukuthi uyindodana yenkosi futhi uziphathisa okwayo." Uma lokho...Uma umuntu waseAfrika engaqonda ukuthi ubaba wakhe uyinkosi, futhi ngaphesheya ngapha isihambi ezweni elingaziwa esengazi ukuthi ngaphesheya kolwandle uyindodana yenkosi, bebefanele baziphathe kanjani abesifazane nabesilisa uma ningamadodana

namadodakazi kaNkulunkulu na? Ziphathise okwayo. Impela. Ziphatheni; zihlanzeni futhi niziphathise okwamadodana namadodakazi kaNkulunkulu. Akumangalisi, isimo esinje.

¹¹⁴ Nakhu lapho esikhona. O, uMarta omncane, uza egijima. Wayebukeka sengathi wayene—nendlela ukuba asho okuthize ngaYe. “AWuzanga ngani kumfowethu na? Buka ukuthi siKwenzeleni, futhi Usenzela phansi.” Awu, ukuba wayesho lokho, indaba ibengenakuqedwa ngendlela eyenza ngayo. Qhabo, mnumzane. Yindlela osondela ngayo esiphiweni sobuNkulunkulu sikaNkulunkulu. Uma uNkulunkulu ethumela isipho, ufanele ukusondele kuso kahle. Uma ulindele ukuthola noma yini kuso, ufanele usondele kuso kahle. NoMarta wayekwazi lokho. Mhlasimbe wayefundile ngowesifazane waseShunemi nengane yakhe. Futhi yena. . . Uma lowowesifazane waseShunemi wayazi ukuthi uNkulunkulu wayekuEliya, Wayekakhulu kangakanani kuJesu na? Impela.

¹¹⁵ Ngakho, wenyuka ngokusondela okulungile. Ugijimela phezulu futhi wawaphansi ezinyaweni zaKhe. Ngiyakuthanda lokho! Wawela ezinyaweni zaKhe futhi wathi, “Nkosi. . .” Leso yisiqu saKhe esikahle. Yilokho Ayeyikho. WayeyiNkosi yaKhe. “Nkosi, uma Ubukhona, umnewethu nga engafanga.”

¹¹⁶ O, he, O, sengiyabona nje ngibona inhliziyo yaKhe enkulukazi lapho Ebuka lowo wesifazane omuhle, izinyembezi zehla ezihlathini zakhe. Wathi, “Nkosi, ukuba Ubukhona, umnewethu nga engafanga.” Bhekisisani ukuthi wathini. “Kepha nakalokhu, Nkosi, nakuba efile, nakuba izibungu zesikhumba zihuquzela ezimbeni wakhe, nakalokhu, Nkosi, noma yini Ongakucela kuNkulunkulu, uNkulunkulu uzaKukunika khona.”

¹¹⁷ O, lokho yimfihlo. Ungahle uthi, “Ngikhukhule kusosonke isibhedlela. Udokotela uthi ngizofa, kepha nakalokhu, Nkosi. . . Ngikhubazeke wonke ngesifo samathambo; angikwazi ukunyakaza, kepha nakalokhu, Nkosi. . .”

¹¹⁸ Leyongane encane ebinekhanda elinamanzi elikhulu kangako izolo ebusuku. Akukho lutho ongalwenza. Lisakazeke laphuma futhi laqhumisa ikhanda lalo elincane futhi yafa, “Kepha nakalokhu, Nkosi. . .” UsenguNkulunkulu ofanayo. UseyiNkosi efanayo. “Nakalokhu, Nkosi. . .” Futhi Uhlezi ngakwesokunene sikaNkulunkulu uSomandla, enza ukunxusela phezu kwezinto esizisho ukuthi Usenzele zona.

¹¹⁹ Manje, ngizizwa ngempela nginokholo. Impela ngiyazizwa. Nizongibiza ngomgingqiki ongewele noma kanjani, ngakho seningavele niqale, futhi niqede.

¹²⁰ Ngakho, yebo, mnumzane, “Nakalokhu, Nkosi, noma yini Okucela kuNkulunkulu, uNkulunkulu uzokwenza.”

¹²¹ “Celani noma yini kuBaba ngeGama laMi, ngizolwenza,” kwasho uJesu.

122 “Nakalokhu, Nkosi, noma yini Oyicelayo, uNkulunkulu Uzokunika khona.” O, lokho kungahle ukuba kwaphenduka enhliziyweni yaKhe enhle.

123 Wathi, “Umnewenu uyakuphila.”

124 Wathi, “Yebo, Nkosi. Uyophila. Wayengumfana olungileyo. Uyakuphuma ovukweni lwabantu bonke ngosuku lokugcina.” LawomaJuda ayekhohlelwa ovukweni lwabantu bonke. “Uyakuza ngovuko lwezinsuku zokugcina.”

125 Mbukeni. Waziqoqa ubuncane baKhe. Wathi, “NgingukuVuka nokuPhila.” O, he. Akukho muntu obengasho lokho ngaphambili. Akekho oyoke kamuva, akusho. NguYe kuphela ongakusho. “NgingukuVuka nokuPhila,” kusho iNkosi. “Okholwa yiMi, noma efa, wophila. Nalowo ophila akholwe yiMi kasoze afa naphakade. Uyakhohlelwa yilokhu na?”

126 Wathi, “Yebo, Nkosi.” O, wayazi ukuthi kukhona okwakuzokwenzeka. Kwakufanele.

127 Uma ukukholwa okuvela enhliziyweni ethembekile kuhlanguka noNkulunkulu, lawo mazinyo esondo nje ahlanguka ndawonye *kanjalo*. Okuthize kuzofanele kwenzeke. Ngiphosela inselelo lezizithameli kulobubusuku, eGameni likaJesu Kristu, ake ukukholwa kwenu kuxhumane noNkulunkulu *kanjalo*, emizuzwini embalwa sizoba nenye iPentekoste. Kuyoba nemvuselelo enjalo engena kulelidolobha, akuyikuba namaphoyisa enele ezweni ukubehlisa. *Kunjalo*. Kuyoba nemvuselelo yangempela. “Nakalokhu, Nkosi. . .”

128 “Awu, Nkosi, sesivele sibanjawe kulokhu; senze lokhu futhi senza lokho.” Angikhathali ukuthi wenzeni, “Nakalokhu, Nkosi. . .” Ulinde wena ukuba uMbize. Yena. . . “Uyakhohlelwa yilokhu na?” Impela. Yebo, mnumzane. Nakalokhu, noma yini oMcela yona. . .

129 “NiMbekephi?” Manje, Wehlela ethuneni. Wayengumuntu ngokwenele ukukhala; WayenguNkulunkulu ngokwenele ukuvusa ofile.

130 Lapha esikhathini esedlule, owesifazane ongoweqembu elithile labantu. . . Angikaze ngikwenze isiko ukunakana namahlelo. Kodwa lona wesifazane. . . Abakhohlelwa ukuthi uJesu wayengonobuNkulunkulu. Bathi Wayengumprofethi nje. Manje, Waye. . . Uma Wayengumprofethi nje, sonke sisesonweni. Kuphakathi kokuthi wayenguNkulunkulu, okungengaphansi kunoNkulunkulu, noma umkhohlisi omkhulu kunabobonke izwe eselike labanaye. *Kunjalo*. Wayengaphezu kokuba umuntu. Wathi, “Wayengesuye onobuNkulunkulu.”

131 Kunokuningi kangako kwalokho kulelivangeli lenhlaliswano namhlanje; kuzanywa ukwenza uJesu Kristu umprofethi. Ngani, WayenguNkulunkulu wabaprofethi. Impela Wayenguye.

132 Wathi, “Ngizokufakazisa kuwe ngeBhayibheli lakho, ‘Wayengumuntu nje.’”

133 Ngathi, “Kwenze.”

134 Futhi wathi, “Ngenkathi Eya ethuneni likaLazaru, iBhayibheli lathi, ‘Wakhala.’ Wayefanele abe ngonokufa noma Wayengeke akhale.”

135 Ngathi, “Nenekazi, ngabe lowo umBhalo wakho na?” Angiqondile ukuba ngothuka okungcwele lapha ukusho lokhu, kodwa ngizonitshela engalitshela khona.

136 Lathi, “Yilokho-ke.”

137 Ngathi, “Leyo nkulumombiko ilula kunesobho elenziwe ngesithunzi senkukhu eyabulawa yindlala.” Ngathi, “Awu, a—awunanto ongama ngayo.”

138 Lathi, “Ngani, Wakhala. Lokho kukhombisa ukuthi Wayengofayo.”

139 Ngathi, “Wayeyikho kokubili okufayo nokungafi. WayenguNkulunkulu enyameni.”

140 Lathi, “O, umbhedo.”

141 Ngathi, “Waya ethuneni ekhala. Lelo yiqiniso ngokwenele, kodwa ngenkathi Eziqondisa ubuyena baKhe obuncane...” IBhayibheli lathi, “Kwakungekho lutho ukuba uMbuke; kungekho buhle ukuba siMfise.” Kodwa ngenkathi eqhothisa amahlombe amancane futhi wathi, “Lazaru, vuka,” futhi umuntu owayekade esefile izinsuku ezine futhi ebolile ethuneni, wavuka. Lokho kwakungaphezu komuntu. Ngikhombise umuntu ongakwenza. Kwakuyini na? Ukubola kwamazi uMnikazi-kho. Ukuphila kwamazi uMdali wakho. Okuthize kwakufanele kwenzeke. Wakhuluma nomuntu owayefile futhi esethuneni izinsuku ezine, wavuka futhi, futhi wama ngezinyawo zakhe, futhi waphila. Haleluya! Lowo kwakunguNkulunkulu eNdodaneni yaKhe. Yebo, mnumzane. Lowo kwakunguNkulunkulu ezazisa Yena uqobo ngaYe, iNdodana. Lowo kwakunguNkulunkulu ekhuluma, hhayi umuntu.

142 Wayengumuntu ngenkathi Egalaza esihlahleni ngalolosuku ukuba athole azokudla. Lowo kwakungumuntu. Kodwa ngenkathi Ethatha amabhisikidi amahlanu nezinhlazi ezimbili futhi wondla izinkulungwane ezihlanu, lokho kwakungaphezu kokuba umuntu. Lowo kwakunguNkulunkulu ebondla phakathi lapho. Wayengaphezu komprofethi, ngaphezu komuntu, WayenguNkulunkulu-Muntu. Impela.

143 Wayelele kwingemuva lalowomkhumbi omncane ngalobobusuku, nezilwandle ezihlokomayo futhi ugxuma ubuya njengesivalo sebhohlela phandle lapho kulololwandle olunamandla, ngenkathi odeveli abayizinkulungwane eziyishumi bolwandle bafunga ukuthi bazoMcwilisa

ngalobobusuku. Wayengumuntu, ebuthakathaka futhi ekhathele ekukhulekeleni abagulayo, elele emuva lapho; nomoya awuzange ngisho uMphazamise. Wayengumuntu ngenkathi Elele, kodwa ngenkathi Evuka, wabeka unyawo lwaKhe phezu konqenqema lomkhumbi, wabuka phezulu, wayesethi, “Thula, uthi du,” nemimoya namagagasi kwaMlalela, lokho kwakungaphezu kokuba umuntu. Lowo kwakunguNkulunkulu kumuntu, Ezazisa. Kunjalo.

¹⁴⁴ Wayengumuntu esiphambanweni ngenkathi Ekhalela umusa. Ngenkathi Ekhala futhi wathi, “Ngomile,” lowo kwakungumuntu. Ngenkathi Efa, Wayengumuntu, kodwa ngokusa kwePhasika ngenkathi Ephula izimpawu zokufa, isihogo, nethuna, futhi wavuka futhi, Wayengaphezu kokuba umuntu: KwakunguNkulunkulu enziwe wabonakala. Akumangalisi imbongi yathi:

Ephila, Wangithanda; efa, Wangisindisa;
Embelwa, Wathwala izono zami zaya kude le;
Evuka, Walungisisa ngesihle phakade:
Ngolunye usuku Uyeza—O, usuku oluyigugu!

¹⁴⁵ Wathi, “Ngoba ngiyaphila, nawe uyaphila. Uyakholwa yilokhu na?” Unguye izolo, namuhla, naphakade. Uyakholwa yilokhu na? Ngiyakholwa ukuthi uMoya oNgcwele ukhona lapha manje. Uyakholwa yilokhu na? Ngiyakholwa uzosigcwalisa ngoBukhona baKhe. Uyakholwa yilokhu na? Ngiyakholwa uMoya oNgcwele ufuna ukuthululela uBukhona baKhe, ukuphilisa bonke abagulayo, enze bonke abantu ongenawo uMoya oNgcwele bagcwaliswe. Uyakholwa yilokhu na? Niyakholwa ngayo yonke inhliziyo yenu na? Asime ngezinyawo futhi siMnike udumo. Ngiyakholwa Uzowela khona manje phezu kwethu.

¹⁴⁶ O Nkosi Nkulunkulu, Mdali wamazulu nomhlaba, Mqalisi wokuPhila okuPhakade, Mnikezeli waso sonke isipho esihle, siya “Kholwa yilokhu,” Nkosi. Siyakholwa ukuthi lona nguWe lapha emhlanganweni. Siyakholwa ukuthi lona nguWe obusisa imiphefumulo yethu. Siyakholwa ukuthi nguWe othululela uMoya waKho phezu kwethu. Siyakholwa ukuthi Unguye izolo, namuhla, naphakade. Siyakholwa Uyaphila kuze kube phakade namagama ethu alotshiwe eNcwadini yokuPhila yeWundlu. Onke amazulu nomhlaba kuyodlula, kepha siyophila phakade, ngoba Uphila phakade. Nkosi, Ukuthembisile kithi. Siyakukholwa ngayo yonke inhliziyo yethu. Konke okungaphakathi kithi, siyakukholwa, Nkosi. NgiyaMthanda, NgiyaMthanda.

¹⁴⁷ NiyaMkholwa na? Ngiyakholwa ukuthi lona nguMoya oNgcwele. KuNento ethize ewela kithi. Uyakholwa yilokhu na? Ngiyakholwa Ufuna ukuphilisa wonke umuntu khona manje. Uyakholwa yilokhu na? Phakamiselani izandla zenu

kuYe. Yimani ngezinyawo zenu. Uyakholwa yilokhu na? UMoya oNgcwele ulapha. Lokhu yiLokho! UPetru wathi, “Lokhu yiLokho.” Lokhu yiLokhu, uMoya oNgcwele.

¹⁴⁸ O Nkosi, Mdali wamazulu nomhlaba, thumela amandla aKho, nezibusiso zaKho, nokulunga kwaKho kulababantu, futhi ubusise izinhliziyi zabo, futhi mababone ukuthi iNdodana yomuntu iyaphila kuze kube phakade. Siphe khona, O Nkosi. Sibanikela kuWe, eGameni likaJesu Kristu, iNdodana kaNkulunkulu

¹⁴⁹ Noma ubani ongenawo uMoya oNgcwele, phakamisa izandla zakho futhi udumise uNkulunkulu. Ngiyakholwa ukuthi Uzowela kuwe. Omunye beka izandla zakho kubo. Leli yihora. Kungani sisalinda na? Lesi yisikhathi. Lesi yisikhathi sePentekoste, ukubuyela emuva kuNkulunkulu. Lungisana noNkulunkulu, Pentekoste! Shukumisa inhliziyi yakho ngamandla kaNkulunkulu ophilayo. Makuthi uMoya waKhe ufike ungene kini, ugcwalise imiphefumulo yenu. Ulapha ubusuku nobusuku, lapha ukuphilisa abagulayo, ukunikeza ukubona kwabaphuphuthekile, ngamakhulu futhi namandla emandleni Uyazifakazisa Yena uqobo ukuba ngophakade ofanayo. Halleluya!

¹⁵⁰ AKadunyiswe. Phakamisani izandla zenu. Khohlwani ukuthi nikuphi; yazini nje ukuthi ningakuYe, nokulunga kwaKhe, nenkazimulo yaKhe, namandla aKhe, nomusa waKhe uhlala kuze kube phakade. Ungofanayo phakade. Alibongwe iGama leNkosi. Halleluya! O, alidunyiswe iGama laKhe eliNgcwele.

¹⁵¹ O, umangalisa kanjani, Unamandla kanjani. Bangaki othanda ukwahlukanisela izimpilo zabo kuNkulunkulu khona manje, kabusha na? Phakamisa isandla sakho. Bangaki obathanda ukunikela izimpilo zabo kuNkulunkulu na? Yilokho-ke. Phakamisani izandla zenu. Akesibone iPentekoste. Akesibone abantu bakaNkulunkulu. Ngizophakamisa isandla sami. “Nkosi, ngilapha. Ngithume.” Thatha iNgelosi khona-ke namalahle ealtare futhi uthumele amandla aKho phezu kwethu, Nkosi. Nkulunkulu, siphe khona ekugcwaleni koMoya waKho, O Baba. Yizwa umkhuleko wethu, O Nkosi. Yizwa umkhuleko wethu, njengabantwana abakholwayo omile. Alidunyiswe iGama laKhe.

¹⁵² O, njengamagagasi enkazimulo ewa, o, amazolo omusa. O, akadunyiswe uNkulunkulu. Kwangathi imiphefumulo yethu ingalinda. Uyakholwa yilokhu na? Uyakholwa yilokhu na? Lona nguMoya oNgcwele ofikayo. Lokhu yilawo amandla aphoqayo angabonakali asiqhubela eMbusweni kaNkulunkulu, izibusiso zePentekoste. Buyelani ekhaya. Nilindelwe emuva ekhaya. Ningabantu abayigugu. UNkulunkulu ufuna nina nizahlukanisele qobo lwenu. Besifazane, zihlanzeni. Besilisa,

zihlanzeni. Asiqale emuva kuNkulunkulu futhi sikhonze uNkulunkulu ngenhliziyo ehlanzekileyo ngempela.

¹⁵³ Akadunyiswe uNkulunkulu, uMoya oNgcwele uphandle emhlanganweni. Nje yenza lokho oholeleka ukuba ukwenze. Nje vumela uMoya oNgcwele uhambe kuwe. Akukho lutho engingalusho. Angazi nje ukuthi ngithini manje. UMoya oNgcwele ukuso sonke nje isakhiwo. Alibusiswe iGama leNkosi. Ayidunyiswe iNkosi. O, Haleluya! Haleluya! Ayidunyiswe iNkosi. Ayidunyiswe iNkosi. Kumangalisa kanjani, kukhazimula kanjani. . .Kuhle kanjani, kumangalisa kanjani ukudumisa kwabangcwele bakaNkulunkulu phezu kobuso benu, phezu koBukhona bukaMoya oNgcwele lapha uhamba futhi usikhombisa inkazimulo yaKhe phandle kulezi ezinkulu isixuku esinhliziyone, sidumisa iGama laKhe.

¹⁵⁴ Phendukani futhi uxhawulane nomunye, uthi, “Ayidunyiswe iNkosi, mfowethu. Ayidunyiswe iNkosi, dadewethu.” Asingene futhi sivumela uNkulunkulu asishukumise. Ayidunyiswe iNkosi. Kunjalo. Nonke nina maMethodisti, namaBaptisti, namaPresbyterian, amaPentecostal, namaSeventh Day Adventists, futhi noma yini oyiyo, xhawulanani eBukhloneni beNkosi uNkulunkulu. Yilokho-ke. O, Haleluya! Haleluya! Haleluya! O, ngijabula kakhulu ukuthi ngingomunye wabo. Ngijabula kakhulu. O, udiliza izindonga, uphosa ngaphandle amanyela. Inkazimulo! Inkululeko eNkosini, kudunyiswe iGama laYo elingcwele. . .Alibongwe iGama leNkosi. O, Haleluya! Ayidunyiswe iNkosi.

¹⁵⁵ O, ngiyathanda nje ukubona lokho: abantu bexhawulana futhi bekhazimulisa ubuso babo. Amandla kaNkulunkulu ethi, “Yilokho-ke. Yilokho-ke, singabantwana bakaNkulunkulu. Sonke siyibandla elilodwa elikhulu, umuntu oyedwa omkhulu kuKristu uJesu, uMlobokazi waKhe, Okhazimulisiwe.” Ukufika kweNkosi sekusondele. Abantu bakhe behlangana ndawonye futhi bezithanda. . .ngothando namandla oBukhona baKhe. O, lokhu kufana neZulu. O, lokhu kuhle. Amen. O, kukhazimula kanjani, kumangalisa kanjani: ukukhonza nje iNkosi eMoyeni nasemandleni. Isikhathi esinje pho. Lokho bekungukuma. . . isiqalo.

¹⁵⁶ Akukho nje. . .Ngibatshelile abazalwane, “Bazalwane, akukho ndawo yokuma.” Akukho ndawo lapha e. . . Asikaqali, ngakho asimi. Nje—nje kuyamangalisa. . .Bangaki ozizwa ekahle ngempela na? UBukhona nje beNkosi, o, he, kuyamangalisa, uBukhona beNkosi lapha.


¹⁵⁷ Manje, uBukhona beNkosi bulapha ukuphilisa abagulayo, benze abantu baphile. Mkholweni nje. Niyamkholwa na? Uma singamkholwa, zonke izinto zingenzeka. Niyakukholwa lokho na? Niyakholwa ukuthi lokho nguBukhona beNkosi na?

¹⁵⁸ Manje, nisa . . . Nginikeni umzuzu nje, umzuzu nje manje, futhi nilalele umzuzu nje. Ake ngifakazise kini nguMoya oNgcwele lapha. Ake nginikhombise ukuthi uMoya oNgcwele, Yena lowo owenza ukukhuluma, Yena lowo owenza into, uyakwazi lokho. Bangaki olapha manje, ongene lapha egula na? Asibone izandla zenu. Lowo obenokugula . . . Kunabantu . . .

¹⁵⁹ Kunomuntu omi lapho. Uyakholwa, mnumzane na? Akunamakhadi omkhuleko aphumile, kodwa uyakholwa ukuthi uNkulunkulu angakuphilisa na? Uyakholwa ukuthi Angangitshela inkathazo yakho na? Kusohlangothini lwakho. Uzohlinzwa. Kunjalo. Igama lakho nguMnu. Cartwright. Kunjalo. Kunjalo na? Vayizelisa isandla sakho. Kulungile. Hamba uye ekhaya futhi uphile, ngeke ulidinge. Uyakukholwa na?

¹⁶⁰ Leyondoda ephethe leyongane ngezingalo zayo, uyangikholwa ukuthi ngiyinceku kaNkulunkulu na? Uyakholwa ukuthi lona nguMoya oNgcwele na? Angikwazi, kunjalo na? Angikaze ngikubone empilweni yami; siyizihambi. Uyakholwa uMoya oNgcwele ungangitshela ukuthi yini indaba ngengane na? Inokuqubuka. Kunjalo. Akunjalo na? Impela. Awusuye owalapha. Qhabo. Unenkathazo yesisu, uphethwe yiso, wena uqobo. Kunjalo, akunjalo na? Uvela eKansas City. Kulungile. Buyela emuva, uJesu Kristu uyakusindisa. Haleluya! Uyakholwa. Uyakukholwa ngayoyonke inhliziyoyakho na?

¹⁶¹ Nansi iNgelosi yeNkosi, ihambe phezu kwalona wesifazane omncanyana—omncanyana impela, omdadlana onomusa, ohlezi khona phakathi lapha, ophethwe yisibhono. Uyakholwa ukuthi uNkulunkulu uzokuphilisa kulesosibhono, dadewethu na? Wena, onembali encane ebomvu esigqokweni sakho, phakamisa isandla sakho. Kulungile. Hamba uye ekhaya futhi uphiliswe. Amen. O, nguNkulunkulu; nguKristu iNdodana kaNkulunkulu. Ivusiwe kwabafile. Ilapha.

¹⁶² Manje, bekani izandla komunye nomunye futhi nje ninikele esihle isikhathi somkhuleko, nonke, ngisacela omunye eze lapha. Woza lapha, mfowethu. Nisabeke izandla zenu komunye nomunye ukukhombisa ukuthi uNkulunkulu uyaphilisa futhi, nginomfowethu lapha ukuba anikele ngomkhuleko futhi. (Qhubeka. Kulungile.) Ayibongwe iNkosi uNkulunkulu. 

UYAKHOLWA YILOKHU NA? ZUL60-0402
(Believest Thou This?)

LomMlayezo ngo Mfowethu William Marrion Branham, okokuqala wethulwa ngesiNgisi uMgqibelo, ngo Apreli 2, ngo 1960, eMunicipal Auditorium eTulsa, eOklahoma, U.S.A., uthathelwe ekuqopheni kweteyipu enozibuthe futhi washicilelwa ungafinqiwe ngesiNgisi. Lokhu ukuhunyushwa ngesiZulu kwashicilelwa futhi kwakhishwa yiVoice Of God Recordings.

ZULU

©2017 VGR, ALL RIGHTS RESERVED

VOICE OF GOD RECORDINGS, SOUTH AFRICA OFFICE
58 DISA ROAD, ADMIRAL'S PARK, GORDON'S BAY 7140 WESTERN CAPE
REPUBLIC OF SOUTH AFRICA

VOICE OF GOD RECORDINGS
P.O. BOX 950, JEFFERSONVILLE, INDIANA 47131 U.S.A.
www.branham.org

Inothisi yelungelo langokomthetho

Onke amalungelo agodliwe. Lencwadi ingaprintwa kwiprinta yasekhaya yenzelwe okuqondene nomuntu noma inikezelwe, ngesihle, njengethuluzi ukusabalalisa iVangeli likaJesu Kristu. Lencwadi ingethengiswe, iphinde ikhiqizwe zibe ningi, iposwe kwiwebsayiti, igcinwe ngohlelo lokuthi iphinde itholakale, ihunyushelwe kwezinye izilwimi, noma isetshenziselwe ukuzicelela izimali ngaphandle kwemvume ebhaliwe eshiwoyo ye Voice Of God Recordings®.

Ngolwazi olwengeziwe noma olwenye impahla ekhona, siza uxhumane ne:

VOICE OF GOD RECORDINGS
P.O. Box 950, JEFFERSONVILLE, INDIANA 47131 U.S.A.
www.branham.org